**HILLCREST HIGH SCHOOL**

**UKUHLOLWA KUKA JUNI 2017**

**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZELELA**

**IBANGA LE- 10**

**IPHEPHA LESITHATHU (P 3)**

**AMAMAKI : 100** **ISIKHATHI : 2 Amahora**

**IMIYALELO KOHLOLWAYO:**

- Fundisisa lonke iphepha ngaphambi kokuphendula imibuzo.
- Qala isiqephu ngasinye **ekhasini Elisha.**
- Khetha umbuzo **owodwa esiqeshini ngasinye ubhale ngawo.**
- Bhala izimpendulo zakho ngolimi **lwesiZulu.**
- Bhala umsebenzi ohlanzekile.

**ISIQEPHU A : INDABA**

1.Khetha isihloko noma isithombe **esisodwa** ubhale ngaso indaba ibe ngamagama ayi- 190 kuya kwangama -240.

**QAPHELA:** 1. Uma ukhethe isithombe yiphe isihloko indaba yakho.

2. Uphoqelekile ukubhala uhlaka **ekhasini lwalo ngaphambi** kwendaba .

1.1. Lolu Wusuku Engingasoze Ngalukhohlwa. **[50]**

1.2. Ubuhle Nobubi Bokusebenzisa Ubuchwepheshe Bethekhnoloji ezikoleni. **[50]**

1.3. Ingabe Abantu Abamnyama Bayaziqhenya Yini Ngobubona? **[50]**

1.4. Ayikho Indawo Efana Nekhaya. **[50]**

1.5.Mhla Ngibona Ubaba Ongizalayo Okokuqala Ngqa Empilweni Yami. **[50]**

1.6.Bukisisa lezi zithombe ezilandelayo bese ukhetha **esisodwa** ubhale ngaso indaba. Nika indaba yakho isihloko.

**ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO**

2.Khetha isihloko **esisodwa** kwezilandelayo ubhale ngaso kube ngamagama angama – 80 kuya kwayi -100.

**2.1. INCWADI YOBUNGANE**

Umngane wakho uthole umfundaze wezemidlalo wokuyofunda esikoleni esizimele (private school) esiphambili la kwaZulu Natali.Lo mfundaze uvuselelwa njalo ngonyaka kuhambelane nokudlala kwakho.Mbhalele **incwadi** umngane wakho umhalalisele futhi umgqugqzele ukuba asebenze ngokuzikhandla ukuze lingamphunyuki nakanye leli thuba. **[30]**

**2.2.UMLANDO NGOMUFI**

Umzala wakho ebenikhonzene njengamawele naye yize emdala kunawe udlulile emhlabeni.Umndeni uqoke wena ukuba ufunde umlando wakhe ngosuku lomngcwabo njengendlela yokuvalelisa.Bhala phansi – ke **umlando wakhe.** **[30]**

**2.3.INGXOXO**

Esikoleni sakho kunomfundi ofika isikhathi sokungena kwesikole sesishaye sedlula ( late) nsukuzonke.Uthishanhloko umbizele ehhovisi lakhe ukuze athole imbangela yalokho, amjezise noma kutholakale isixazululo.Bhala **ingxoxo** phakathi kukathishanhloko nalo mfundi. **[30]**

## ISIQEPHU C : UMBHALO OMFUSHANE ODLULISA UMYALEZO

### 3.1. ISIMEMO

Udadewenu omdala uyashada ngenyanga ezayo.Abazali banike wena umsebenzi wokubhala isimemo esiya ezihlotsheni nabangani.Bhala-ke

Lesi **simemo.** **[20]**

### 3.2. IPHOSIKHADI

Uhambe nabangane bakho navakashela esiqiwini sezilwane.Bhalela umama wakho **iphosikhadi** umxoxele ngohambo nobuhle balesi siqiwi. **[20]**

### 3.3. IDAYARI

Uthole ithuba lokuchitha izinsuku **ezinhlanu** enkampanini eyenza umsebenzi

Ofisa ukuwufundela uma usuphase umatikuletsheni.Bhala **idayari** uveze izinto

ezehlukene ozobe uzenza eminyangweni (departments) ehlukene kulezi zinsuku ezinhlanu. **[20]**

**AMAMAKI ESEWONKE : 100**